# Hillcrest High School

Umnyango wesiZulu

IBANGA LE-10

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**ITHASKHI YESI-5**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

IMIKLOMELO: 70

ISIKHATHI: 2 AMAHORA

**Leli phepha linamakhasi ayi-9**

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Izindaba Ezimfushane (35)

   ISIQEPHU B: Inoveli (35)
3. Phendula LONKE iphepha.

   ISIQEPHU A: IZINDABA EZIMFUSHANE

   Izinhliziyo Ezibuhlungu – N.G. Sibiya

   ISIQEPHU B: INOVELI

   Elokufa Kalitsheli – M. M. Ndlovu

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.
5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:

   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| ISIQEPHU A: INOVELI<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
|---|---|---|
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| 1. *Elokufa kalitsheli* | 20 | 3-4 |
| | 15 | 4-5 |
| ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| 2. *Izinhliziyo ezibuhlungu* | 35 | 6-10 |
| *Ogandaganda* | | |

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**UMBUZO 1: Elokufa kalitsheli**

**Funda IZIQESHANA EZIMBILI (A noB) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA A**

> "Angikhulumi nawe ngikhuluma ngedwa." Usho nje selumuthe nke uvalo esebona nje ukuthi nakhu lizoshona ilanga eseyimpumputhe.
>
> Cishe lamenelisa lelo umshayeli ngoba wafaka igiya eliya lejubane wayivuthela itekisi. Yahamba yaze yafika ezimpambanweni zomgwaqo oya eDutch naseGoodhome. Wacela ukwehla uVela, yama itekisi, elokhu embuke lokho umshayeli wayo owayebukeka emhalela. Wehla ecasuke kabi uVela nakhu umshayeli wayesemtshengise inqindi ayibeka esweni ekhombisa ukuthi uzolivala kanjani ngayo. **Wakhiphela isibhongo esicabheni** asigaklaza yasikaza ukuma itekisi yena waphakamisa izinyawo esesaba nokubheka emuva.
>
> Wehla etekisini wathatha umgwaqo ongakwesokudla ongena e-Goodhome njengoba itekisi yayisazoqala eDutch ngaphambi kokungena e-Goodhome. Waqhubeka ngalowo mgwaqo omkhulu wobhuqu wadlula umgwaqo owodwa esinxeleni wabe esejika kowesibili ojikela khona esinxeleni. Wadlula imizi emibili wangena kowesithathu esandleni sokudla. Wavula isango lakhona elalikhiyiwe ngohlaka lombhede. Lavuleka kanzinyana njengoba lalihuhuza phansi. Wangena ngaphakathi ehamba endlelenieyayithusheleza egcekeni elenile kubukeka kungaphuma uholokoqo lwemamba emnyama.

1.1 Ubani igama nesibongo salo owehla etekisini? (2)

1.2 Bhala igama lelokishi avela kulo lo owehla etekisini. (1)

1.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo echaza lesi simo sokukhuluma.

**Wakhiphela isibhongo esicabheni**.

A wavala isicabha ngendlela efanele.
B wavala isicabha ngamawala.
C wavula isicabha ngobhozo.
D washiya isicabha sivuliwe. (1)

1.4 Bhala izinto EZIMBILI ezantshontshwa uVela emphakathini wangakubo. (2)

1.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI isigameko esenza ukuba uVela agcine eseneso elivuvukele. (2)

1.6 Bhala into EYODWA efanayo phakathi kukaVela noBhiza. (2)

1.7 Yimaphi amazwi ashiwo uMaZwide ngesikhathi ekhuza uMahlase namenza wasaba. (2)

1.8 Bhala izinto EZIMBILI uVela azethembisa uBhiza ukumnika zona uma ebulala uMahlase. (2)

1.9 Ngokuyifunda kwakho le noveli, ngabe ubani umlingiswa omkhulu/oqavile? Sekela impendulo yakho. (2)

1.10 Uyavumelana yini nesinqumo sikaVela sokufuna ukubulala uMahlase? Sekela impendulo yakho. (2)

1.11 Ngamaphuzu AMABILI phawula ngodweshu olutholakala phakathi kukaVela noMahlase. (2)

1.12. Yini le eyenziwa uMaZwide neyayikhombisa ukuthi uyamvuna uVela ngezenzo zakhe zokweba? (2)

**ISIQESHANA B**

Beza oVela noBhiza bangena, besabhema sona isigodo sensangu esase sizophela. Bathi bayadlula esangweni, sabavimba isidlakela sephoyisa esasingahleki singathi nsi.

"Umthetho wenu nicabanga ukuthi ngiyisithombe njengoba ngimi lapha?" Wayebabuka ngamehlo ekati libulawa yinkemane lomele ubisi. Bama abangane, khimilili! Babukana ngenxa yenkulumo ababengayilindele.

"Uxolo sayitsheni, besinganakile. Ngoba nakhu uyasibona ukuthi siyangena asisekho Isidingo sokukhuluma izinto eziningi." UBhiza wayesho ekhipha intuthu kagwayi kancane.

"Hheyi wena!" kusho unogada ekhomba uBhiza ngesiqwayi, "noyihlo ukhuluma naye ube ufuquzana nensangu?"

Wama wathula uBhiza wangaphendula. Wanikina ikhanda wase edonsa isinqamu kakhulu, wasitshinga wasiciphiza ngonyawo. Ithe isaphuma intuthu ngomlomo namakhala wayebhekisa ephoyiseni wathi, "Sayitsheni size lapha ukuzolanda into ethile. Umbuzo wakho kangeke ngiwuphendule ngoba uyaphaphalaza…"

"Jikani-ke niphinde emuva. Angeke ningene lapha ningafakile mfaniswano nifuquzana nensangu le," wakhomba ngesiqwayi sakhe lapho bevela khona nokwase kufanele ukuthi baphindele khona.

"Kahle phoyisa ngolaka, size lapha ngodaba olubalulekile," wayesho ngelithanda ukuncenga uVela.

1.13. Yini eyayenziwa oVela nomngani wakhe engalungile ngesikhathi bengena esikoleni? (1)

1.14. Bhala igama lesikole uVela ayengena kuso nomngani wakhe kulesi siqeshana esingenhla. (1)

1.15. Tomula amazwi esiqeshini esingenhla akhombisa ukuthi uBhiza uyaisola ngephutha lakhe lokungena esikoleni ebhema. (2)

1.16. Bhala intoEYODWA efanayo ecasula uMahlase nephoyisa ngezenzo zikaVela noBhiza. (2)

1.17. Yisiphi isikhali esasiphethwe uBhiza ngesikhathi engena esikoleni nesenza waba nokuzethemba okukhulu (1)

1.18. Yini le eyenziwa uBhiza ngalolu suku neyayikhombisa ukuthi akasiye umngani oqotho kaVela? (2)

1.19 Uyavumela yini noMBONO othi uMbhele nguye owazidalela lezi zinkinga aze abulawe? Sekela impendulo yakho. (2)

1.20 Qondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 1.20.1 UBongiwe | a) Udadewwabo kaVela. |
| 1.20.2 Ukhethiwe | b) Umshana kaVela. |
| 1.20.3 UMBali | c) Webelwa amateku e-Nike |
| 1.20.4 Unkwali | d) Intombi kaVela |

**(4)**

**ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE**

**UMBUZO 2: Izinhliziyo ezibuhlungu – Sthembiso Khwela**

Funda IZIQESHANA EZIMBILI (C noD) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Kuthi akaphendule uSenzo, asho ukuthi kukaningi ebona abantu besifazane lapha ejele, njengojele besifazane, izintokazi ezibakhona uma kunemicimbi yeziboshwa, njalonjalo. Abuye azikhuze nokho ngoba uyazi ukuthi ukuphendulana neziboshwa kuwukuchitha isikhathi.

Afike lapho okufikela khona izivakashi, afake isiliphu bese elinda. Usekhumbula nokuthi miningi kakhulu manje iminyaka agcina ukuba nesivakashi. Azame ukungagxilisi nokho angqondo kulokhu ngoba kusuke kumlethele umunyu nje. Phela wagcina ukuba nesivakashi kukade kufika unina ezomlunguza kudala esaboshwe ejele laseNcome. Kwahamba kwahamba kwathi nya. Wabhala izincwadi zangaphendulwa. Useze uzwa uma esededelwe ejele emva kweminyaka emibili ukuthi unina sewashona nezingane zakwabo zahlakazeka nezwe lonke. Esadabuke kanjalo, esazama ukubathungatha aphinde aboshwe futhi. Emuva kwalokho kuboshwa akabe esavakashelwa muntu. Kusuke kufike umunyu uma ecabanga lokho, azame nokho ukukuphebeza agxile endabeni ebalulekile yokuthi

namuhla uzobona uNto osekusengathi bazane kudala ngendlela asejahe ngayo ukumbona.

Ukuphelanga sikhathi esifakile isiliphu wayesebizwa nebala wangena ehholo lezivakashi wathola kugcwele abantu gede wethuka.

2.1 Ubani igama lalo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)

2.2 Le ndaba yenzeka kuphi? Sekela impendulo yakho. (2)

2.3 Bhala igama lejele lokuqala aboshwa kulo uSenzo? (1)

2.4 Kwaba namthelela muni ukuba khona kukaDumisani empilweni kaSenzo? (2)

2.5 Umlandi wale ndaba ungumuntu wesithathu. Fakazela lesi sitatimende. (2)

2.6 Bhala isibonelo esisodwa sodweshu lwangaphakathi olutholakala kulesi siqeshana. (2)

2.7 Tomula umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uVusi akaqali ukuboshwa (2)

2.8 Ukubona kuyisenzo esihle ukuba iziboshwa zibukele omabonakude ngesikhathi zisejele. Sekela impendulo yakho.

2.9 Sithini isifundo esitholakala kule ndaba emfushane. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Lukuphi uvuthondaba lwale ndaba emfushane? (2)

2.11 Isiphetho sale ndaba sinengijwikhwebu. Sekela lesi sitatimende. (2)

**KANYE**

**Ogandaganda - N. G. Sibiya**

**ISIQESHANA D**

| |
|---|
| Ame isikhathi eside egcekeni uShabane. Awubuke ugandaganda uze uyosithela ezansi Emfuleni. Ubuye uvele futhi, usunyukela kwaMkhize. Ume egcekeni. Ehle uMkhize. Angene endlini. Dukuduku aqhqmuke futhi uHlongwane. Naye ukulo leli komidi elimele izakhamuzi zakule ndawo. Aqhubeke nokuma egcekeni uShabane. Kusuke kudume ikhanda nje, kufike nezinyembezi uma ecabanga le ndaba yokususwa kwabo kule lapha. Ngenxa yamafemu nje! Kunzima kakhulu ukuyamukela le nto. Ubuye azitshele ukuthi ngabe kungcono mhlawumbe ukuba usemusha. Bekungagcina sekujwayelekile ukuhlala endaweni entsha nokwazi abantu abasha. Bekungagcina sekuze kwajwayeleka, sekuze kwaba mnandi nakuyena. Manje-ke usezigugele yena. Okunzima nakakhulu ngukuthisewasala yedwa lapha ekhaya. Umkakhe kade ashona. Ezinganeni zakhe sekusele ezimbili kuphela. Nazo zizisebenzela emaGoli. Kakulula-ke ukuyohlala nazo. Uzihlalela nomzukulu wakhe nje lapha ekhaya. Kungaba wumqansa ongenyukeki ukuthi ayoqala impilo kwezinye izindawo. |

1.1 Ubani igama lomlingiswa omkhulu kule ndaba? (1)

1.2 Bhala amagama amadoda amabili angamalunga ekomidi elimele izakhamuzi zale ndawo. (2)

1.3 Abantu bale ndawo babesuselwani endaweni abahlala kuyo? (1)

1.4 Bhala indlela eyayisetshenziswa yilo mphakathi ukuphikisana nokususwa kule ndaba. (2)

1.5 Ngokucabanga kwakho kwakuyoba lula ukusuka kule ndawo kukaShabane ukuba wayesemusha? Vuma noma uphike bese wekela impendulo yakho. (2)

1.6 Hlaziya le ndaba ubhekisa kulezi zihlokwana.

a) Isihloko (2)

b) Isingeniso (2)

1.7 Ngabe iqoqekile yini le ndaba emfushane ngokwesikhathi eyenzeka ngaso? Sekela impendulo yakho. (2)

1.8 Bhala isibonelo soheho umbhali asisebenzise kule ndaba. (2)

1.9 Umbhali uphumelele yini ukugcina imigomo yendaba emfushane uma ubheka inani labalingiswa. (2)

